



MTHONJANENI NEWS

MARCH
2020



P.2



Mthonjaneni Awards
78 Deserving
Matriculants

P.3



Mehlamasha
Community Hall
Officially Opened
in Ward

P.4



Nyusi Volume
Campaign Once
Again a Success in
Mthonjaneni

P.5



Coronavirus

MUNICIPALITY HANDS OVER EQUIPMENT TO THE LOCAL CO-OPERATIVES

From Monday 24 of February to Thursday 5 March 2020, Mthonjaneni Municipality led by the Mayor Cllr SBK Biyela, had a series of roadshows aimed at handing over the working equipment to co-operatives from all 13 Wards under its jurisdiction.

The equipment included farming and gardening equipment, goats and sewing machines. Mayor Biyela promised to offer his continued support to the co-operatives around the Mthonjaneni area and further urged members to unite and collaborate to assist their businesses to flourish. In conclusion, he blew the whistle to the youth to follow in the footsteps of the elders and formulate their own co-operatives.

"I wish to urge our youth to organise themselves and form their own co-operatives as there are many types of businesses they can run such as carwashes and bakeries. As the Municipality, we will ensure that we assist them in whatever needs they have to ensure their businesses prosper" said the Mayor.



Mthonjaneni Mayor Cllr SBK Biyela flanked by the Deputy Mayor Cllr P E Ntombela, Municipal Speaker Cllr NA Mbatha, MPAC Chairperson Cllr MS Zulu, Ward 1 Cllr MN Biyela after handing over agricultural equipment to Sizakancane Goat Farming Co-op at Ward 1.



Xoshububha Sewing co-operative from Ward 3, receiving sewing equipment from Mayor Cllr SBK Biyela during the equipment handover programme at Mthonjaneni.



Mayor Biyela pointing working equipment handed over to Sicabangile Crop Production Co-op from Ward 4.



Mthonjaneni Mayor Cllr SBK Biyela, Deputy Mayor and other Municipal Officials turning the Sod for the construction of the carwash in Thubalethu.



Mayor Cllr SBK Biyela, Deputy Mayor Cllr PE Ntombela Biyela and the Municipal Manager Mr Philani Sibiya after handing over the equipment to Dladlama Farming Co-op in Ward 9.

MTHONJANENI AWARDS 78 DESERVING MATRICULANTS



His Worship the Mayor Cllr Sbhonginkosi Biyela addressing the 2019 Matric Awards Ceremony in Mthonjaneni Municipality.



Mthonjaneni Municipality led by the Mayor, Cllr SBK Biyela hosted the Matric Excellence Awards to honour 78 deserving 2019 matriculants at Melmoth Indoor Centre on Friday, 24 January 2020.

To honour the matriculants, the municipality allocated registration bursaries valued at R4000 each to enable students to register at any tertiary institution of their choice. Certificates of Excellence were also awarded to six learners from all 13 wards. Addressing the Awards Ceremony, Mayor Biyela said he is elated with the outstanding results achieved by the 2019 Mthonjaneni matriculants. Mayor Biyela further acknowledged the tremendous role played by the teachers despite working under difficult circumstances due to a lack of resources.

The Mayor further stated that the Mthonjaneni Municipality is committed to assisting its youth in obtaining an education. "Our mandate is to help develop our youth who are from disadvantaged backgrounds. We awarded bursaries because no one should stay at home because they do not have the money to register at a tertiary institution," said the Mayor.

His Worship also urged the Provincial Education Department to ensure that it works closely with Mthonjaneni Municipality ensuring learners' education is in-line with the 4th Industrial Revolution. "Learners from rural areas are often neglected when it comes to modern technology," said the Mayor. Sibongokuhle Senamile Mhlongo topped the top 10 list with 6 "A's" and intends to study a BCOM Accounting degree at Wits, whereas Bamangele Dladla with 5 "A's" and 2 "B's" is looking to pursue a career in Medicine at the University of KwaZulu-Natal.

Mthonjaneni learners increased their performance from a 72% pass rate in 2018 to a 82% pass rate in 2019.



Beneficiaries of the bursaries at the 2019 Matric Awards ceremony in Mthonjaneni.



His Worship the Mayor Cllr Sbhonginkosi Biyela along with Deputy Mayor Cllr Phumlani Ntombela, Speaker Cllr N.A Mbatha along with Municipal officials, matriculant beneficiaries, parents teachers and principals.

MEHLAMASHA COMMUNITY HALL OFFICIALLY OPENED IN WARD

His Worship, the Mayor Cllr Sbgonginkosi Biyela together with Deputy Mayor Phumlani Ntombela, Speaker NA Mbatha and Technical Services Director Mrs TF Mchunu officially handed over Mehlamasha Community Hall at Zigagayi area in Ward 6 on Thursday, 12 December 2019.

Addressing the community, Mayor Biyela stated that a municipal delegation was at the site earlier in March 2019 for a sod turning for the Mehlamasha Community Hall. The ceremony marked the start of the building project that is now completed. The Mayor further added “As promised, we are still on track with our aim of changing the lives of Mthonjaneni citizens. This community hall will be a safe place for community gatherings such as weddings, sermons and other community related events. I would also like to urge all Zigagayi and Mehlamasha community members to report all acts of vandalism to the police,”.

Mayor Biyela also thanked the Ward 6 community for working well with the construction company was building the hall. “We have not heard of any mismanagement complaints from the community as all local employees were always paid efficiently. We have also not heard of any complaints from the contractors regarding any stolen equipment,” said Mayor Biyela.



His Worship the Mayor Cllr SBK Biyela along with Ward 6 Cllr MS Zulu, Deputy Mayor Cllr PE Ntombela, Speaker Cllr NA Mbatha and Technical Service Director Mrs SF Mchunu at the official launch of the Mehlamasha Community Hall in Ward 6.

CHRISTMAS JOY FOR MTHONJANENI RESIDENTS

Deserving families throughout Mthonjaneni’s 13 wards received Christmas food parcels on Wednesday, 11 December 2019 as part of the Municipality’s giving back programme.

Fifteen families across the Municipality’s 13 wards benefitted from the programme, each receiving Christmas food parcels that were a welcome relief for the indigent families.

His Worship, the Mayor Cllr Sbgonginkosi Biyela stated that the current programme is a slight change from previous Christmas events. He added “We realised that in order to truly assist our most impoverished community members, we must think beyond a party and hand over day to day food essentials that will create a memorable Christmas for the families.”

Mayor Biyela further added that the ward committees and war-room members assisted in identifying indigent families in their respective wards.

Programme Beneficiary Ms Beauty Ngema from Qandolo Village thanked the Mthonjaneni Municipality for thinking of them during the festive season. “We’re so excited. Just like other families who have money, we’re also going to have a beautiful Christmas.”

Ms Ngema further explained they are a family of ten with no income. “No one is employed or receiving a government grant so we were going to have a dark Christmas. Our biggest challenge was the smaller children who didn’t understand that there was no money to buy food. The Municipality has saved us from that problem. At least we don’t have to worry about explaining to the kids why we don’t have Christmas biscuits while our neighbours do,” she added.

Items in the food parcels included biscuits, cooking oil, juice, maize meal, rice, flour, chicken braai packs and beans.



His Worship the Mayor Cllr SBK and his team handed over the Christmas food parcel to Ward 2 community.



His Worship the Mayor Cllr Sbgonginkosi Biyela and Ward 5 Cllr ZSibiya and Zakes Ndlovu handed over Christmas foods parcels to Ward 5 community.



Mayor SBK Biyela with the Ward 13 Community and Cllr TE Mpungose with their Christmas food parcels.

NYUSI VOLUME CAMPAIGN ONCE AGAIN A SUCCESS IN MTHONJANENI

The second Nyusi Volume Campaign held in partnership with Mthonjaneni Local Municipality and South Africa's biggest radio station Ukhozi FM was a huge success. The four-day Awareness Campaign took place from 12 –15 December 2019 at different venues in Mthonjaneni.

His Worship, Cllr Sdonginkosi Biyela thanked Ukhozi FM for once again giving the Mthonjaneni community the opportunity to host the campaign for a second time. "The campaign highlights service delivery, tourism and investor attraction in Mthonjaneni," said Mayor Biyela.

The first day of the campaign kick started with a Women Sermon led by Ukhozi FM Presenter Dudu Khoza, followed by the Mthonjaneni Municipality stakeholder's Wellness

and Awareness Programme and 5 KM fun walk. The second day's events had the presence of IFP President Honourable. F Hlabisa and Deputy President Inkosi Mzamo Buthelezi.

The main event took place on Saturday at the Melmoth Rugby Sports Ground where a music concert was hosted for the community. The campaign closed on Sunday with an Indumiso (worship) led by Ukhozi FM Presenter Mr Sbu Buthelezi. The closing was blessed by the presence of MP Mr Mkhuleko Hlengwa, IFP Women Brigade Deputy Secretary and other highly respected leaders.

During his closing remarks, Mayor Biyela thanked Ukhozi FM, Political Leaders, Stake holders, Municipal Officials and staff and the community who made the campaign to be a success.



His Worship the Mayor Cllr SBK Biyela and Ukhozi FM Acting Manager Ms Sdongi Ngcobo cutting a cake in celebration of the Municipality and Ukhozi FM's partnership.



His Worship the Mayor Cllr SBK Biyela, IFP President Mr VF Hlabisa, IFP Deputy President Inkosi Mzamo Buthelezi, Speaker Cllr NA Mbatha, Deputy Mayor Cllr PE Ntombela leading the 5 km walk against the abuse of women and children.



Municipal and Religious Leadership at the Women's Sermon event held on the first day of the Nyusi Volume Campaign.



IFP President Mr VF Hlabisa, with Mayor SBK Sibiya, Deputy Mayor P Ntombela and Speaker NA Mbatha at the Mthonjaneni Municipality stakeholder's Wellness and Awareness Programme and 5 KM fun walk.



Community members who came in their numbers to attend the Nyusi Volume Music Concert.



Abanqobi Gospel Choir performing at the Nyusi Volume Concert.



Masikandi music star Khuzani Mpungose performing at the Nyusi Volume Concert.



Ntwencane performing on stage at the Nyusi Volume Concert.



Local Masikandi musician Dr Mchunu and his team performing at the Nyusi Volume Concert.

(COVID-19)

CORONAVIRUS

IS A NEW ILLNESS THAT CAN AFFECT YOUR LUNGS AND AIRWAYS. IT'S CAUSED BY A VIRUS CALLED CORONAVIRUS.

THE SYMPTOMS OF CORONAVIRUS

- A Cough.
- A Fever.
- Shortness of Breath.

But these symptoms do not necessarily mean that you have the illness. The symptoms are similar to other illnesses that are much more common, such as cold and flu.

THE BEST ACTIONS YOU CAN TAKE TO REDUCE YOUR CHANCE OF GETTING COVID-19 ARE:

- Wash your hands frequently with soap and water. Need to wash your hands but there is no soap and water? Use an alcohol-based hand sanitiser with atleast 60% alcohol.
- Avoid touching your eyes, nose and mouth.
- Cover your cough or sneeze with a tissue and throw it away after use.
- Avoid close contact with infected people.
- Practice social distancing.

SELF-QUARANTINE PRACTICES:

- Self-quarantine for COVID-19 is recommended for individuals who have been directly exposed to the virus or who have travelled to areas where there are large numbers of people infected in order to prevent further transmission.
- Do not go to work, school or public areas. Avoid using public transportation or taxis.
- Separate yourself from other people and animals in your home. If you can, use a separate bathroom.
- Facemasks should be used to help prevent the spread of the disease to others. Cough or sneeze into the fold of your elbow. Alternatively, cover your mouth and nose with a tissue when you cough or sneeze.
- Clean your hands often with soap and water for atleast 20 seconds or with an alcohol-based hand sanitiser that contains 60-95% alcohol.
- Avoid touching your eyes, nose and mouth with unwashed hands.
- Clean surfaces like counters, laptops, doorknobs, bathroom fixtures, toilets, phones, keyboards, tablets and bedside tables every day.



Wash hands regularly



Avoid sharing cutlery & crockery



Avoid contact with sick people

24 Hour CoronaVirus Hotline: 0800 029 999

KZN Health Hotline: 033 395 3367

WhatsApp Support Line: 0600 123 456

Information supplied by the National Department of Health



health

Department:
Health
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IMPORTANT NUMBERS

Switchboard
Electricity Department
Water Department
Refuse & Waste

035 450 2082
035 450 2082 Ext.245
035 450 2082 Ext.244
035 450 2082

Roads
Traffic Department

035 450 2082
035 450 2082 Ext.234, 235, 238

Ambulance
Hospital

10177
035 450 8200

Fire Department
Police Department
Emergency Department

035 450 2082 Ext.316
10111
035 450 7691

Call Centre After Hours

035 450 7691 Ext.308

www.mthonjaneni.gov.za



21 Reinhold Street, Melmoth, 3835

Postal address: PO Box 11,
Melmoth, Kwa-Zulu Natal, 3835



MTHONJANENI NEWS

UNDASA
2020



P.2



Injabulo uMasipala
uklomelisa
abakaMatikuletsheni

P.3



Injabulo kuvulwa
ihholo lomphakathi
iMehlamasha

P.4



UMthonjaneni
usingathe uMkhankaso
weNyu's'i-Volume
ka-2019

P.5



Coronavirus

UMASIPALA UNIKEZELE NGEZINSIZA KWABEMIPHILANDAWONYE

UMasipala waseMthonjaneni uholwa nguMeya uKhansela SBK Biyela, ngokuhlanganyela namaKhansela babe nomjikelezo wokuhambela onke ama-ward angu 13, ngenhloso yokunikezela ngezinsiza-kusebenza kumalungu eMphilandawonye eyakhele loMasipala, kusukela ngoMsombuluko zingu-24 kuNhlolanja kuya kumhlaka 5 kuNdasa ka-2020.

Phakathi kwezinsiza ezithe zanikezelwa nguMasipala kulemiphilandawonye kubalwa izinto ezithinta ezoLimo, njengezimbuzi, imbewu, ucingo lokubiya, imishini yokuthunga nokunye. Ethula inkulumbo uMeya kulomjikelezo wethembise ukunikezela ngosizo olungenamkhawuo kumalungu emiphilandawonye eyakhele indawo yaseMthonjaneni. Eghuba unxuse amalungu emiphilandawonye ukuba abumbane aphinde asebenze ngokubambisana ngenhloso yokukhulisa nokuthuthukisa amabhizinisi ayo.

Esephetha uMeya Biyela uhlabe ikhwelo walibhekisa entsheni ukuba nayo ilandele ezinyathelweni zabantu abadala, ngokuthi ihlangane yakhe eyayo imiphilandawonye.

"Ngiyafisa ukugqugquzela intsha yakithi ukuba nayo ihlangane iziqalele eyayo imiphilandawonye, njengoba maningi amabhizinisi engawaqala, amabhizinisi afana nama-Car wash, kanye namabhikawozi. SinguMasipala sizoqinisekisa ukuthi sinikezela ngosizo intsha eludingayo ukuze amabhizinisi ayo aphumelele" kusho uMeya.



UMeya SBK Biyela nethimba lakhe ngesikhathi benikezela ngezinsiza kuMphilandawonye iSicabangile Crop production ku-ward 4.



UMeya waseMthonjaneni uKhansela SBK Biyela ephahlwe yiPhini lakhe uKhansela PE Ntombela, uSomlomo uKhansela NA Mbatha, uSihlalo weKomiti le-MPAC, uKhansela MS Zulu, kanye neKhansela laku-ward 1, uMnuz MN Biyela ngesikhathi benikezela ngezinsiza emalungwini e-Sizakancane Goat Farming Co-op.



UMeya uKhansela SBK Biyela, iPhini lakhe uKhansela PE Ntombela ngesikhathi benikezela ngezinsiza zokuthunga kuMphilandawonye, iXoshububha Sewing Co-op, ku-ward 3.



UMeya nethimba lakhe behlaba iSoyi lokwakhiwa kwe-Car wash, emva kokunikezela ngezinsiza zayo entsheni yaseThubalethu ku-ward 2.

Ubuholi bukaMasipala ngesikhathi kunikezela ngezinsiza kuMphilandawonye iDladlama Farming Co-op, ku-ward 9.

INJABULO UMASIPALA UKLOMELISA ABAKAMATIKULETSHENI



UMeya uKhansela Sbhonginkosi Biyela ethula inkulumbo emcimbini wokuklomelisa abebanga leshumi kuMasipala waseMthonjaneni.



UMasipala waseMthonjaneni uholwa nguMeya uKhansela Sbhonginkosi Biyela usingathe umcimbi wokuklomelisa abafundi abangu-78, bebanga leshumi abanze kahle onyakeni ka-2019, okuwumcimbi obuseMthonjaneni Indoor Sports Centre, edolobheni laseMelmoth, ngoLwesihlanu mhlaka 24 kuMasingana ka-2020.

Kulomcimbi uMeya Biyela ugixabeze umfundi ngamunye ngemali yenani lika-R4000, ngenhloso yokulekelela abafundi ukuba bakwazi ukubhalisela ukufunda ezikhungweni zemfundo ephakeme ezithandwa yibo, ngaphandle kwalokho uMeya uphinde wahlonipha abafundi abayisithupha iwadi ngayinye ngezitifiketi zokwenza kahle.

Ethula inkulumbo uMeya Biyela uthe kuyamjabulisa kakhulu ukuthi izikole zaseMthonjaneni zikhiphe imiphumela encomekayo uma kuqhathaniswa neminyaka edlule, ngaphandle kwalokho ubuye wancoma iqhaza lothisha ngoba ekholwa ukuthi abafundi bebengeke bakwazi ukuphumelela ngalendlela ngaphandle kothisha. “Umsebenzi esithunywe wona ukuthuthukisa umphakathi nentsha yakithi esaziyo ukuthi iphuma emakhaya angathathi ndawo. Sinika abafundi abaphumelele kahle imifundaze ukuze bezoqhuba izifundo zabo emanyuvesi ngoba ayikho ingane ephase kahle okumele ihlale ekhaya ngenxa yokuthi abazali kabanyo imali yokuyiqhuba. Siyazi ukuthi othisha basebenza kanzima ngaphansi kwezimo ezinzima, benqindwe amandla bengakwazi ukuqondisa izingane ubugwegwe uma zonile, naphezu kwalezo zimo bakwazile ukukhipha le miphumela emihle kangaka esiziqhenyayo ngayo” usho kanje.

Enkulumweni yakhe uMeya Biyela uphinde wahlaba ikhwelo walibhekisa kuMnyango wezeMfundo kwaZulu-Natali, wathi uyafisa ukuthi ungahambeli kude nalo masipala ukuze izifundo ezenziwayo ngaphansi kwawo zizohambisana ngqo nezinhlelo ze-4th Industrial revolution, okukhulunywa ngayo zonke izinkalo. Uqhube wathi izingane zasemakhaya zisala ngaphandle ezinhlelweni ezintsha zobuchwepheshe besimanje. Phakathi kwabafundi abaphumelele ngamalengiso kubalwa uSibongokuhle Senamile Mhlongo obaqwaqwade bonke amakhanda othole o-A, abangu -6 , kanye no-B, owodwa, nokubikwe ukuthi akabanga yingxeny yalomcimbi ngenxa yokuthi ebesabhekise amabombo eNyuvesi yase-Wits, lapho eyokwenza khona izifundo ze-Bcom Accounting, kube nguBamangele Dlodla waseDubeni kuyona lendawo othole o-A, abangu-5, no-B, ababili yena oyokwenza izifundo zobudokotela eNyuvesi yakwaZulu-Natali.

Okunye okuphawulekile ngabafundi bakaMatikuletshe bakulendawo ukuthi balenyusile izinga lokuphumelela kwabo njengoba ngonyaka-2018, baphumelela ngamaphesenti angu-72, kanti ku-2019, khona balenyuse kakhulu izinga njengoba bethole amaphesenti angu-82.



Ingxeny yabafundi bebanga leshumi ebebeklonyeliswa emcimbini wabebanga leshumi bonyaka-2019, eMthonjaneni.



UMeya waseMthonjaneni uKhansela Sbhonginkosi Biyela, iPhini lakhe uKhanse-la Phumlani Ntombela, uSomlomo uKhansela NA Mbatha, izikhulu zoMkhandlu, abafundi bebanga leshumi, abazali, oThisha, kanye noThishanhloko.

INJABULO KUVULWA IHHOLO LOMPHAKATHI IMEHLAMASHA

UMeya kaMasipala waseMthonjaneni uKhansela Sbhonginkosi Biyela ehambisana nePhini lakhe uKhansela Phumlani Ntombela, uSomlomo uKhansela NA Mbatha, noMqondisi woMnyango wezidingo zomphakathi uNkk TF Mchunu bavule ngokusemthethweni ihholo lomphakathi iMehlama Community hall, endaweni yaseZigagayi ku-ward 6, ngoLwesine mhlaka 12 kuZibandlela ka-2019.

Ekhuluma namalungu omphakathi wakulendawo uMeya Biyela, uthe ithimba lakwaMasipala lavakashela esizeni sokwakha leliholo enyangeni kaMashi nyakenye ngenhloso yokuphendula isoyi lokwakhiwa kwalo, okuzinkomba zokuthi selizokwakhiwa. “Sisesemgangathweni wokushintsha izimpilo zabantu baseMthonjaneni njengoba sasithembisile. Leli hholo lizoba yindawo ekahle yokuthi amalungu omphakathi ahlangele khona, enze imicimbi efana nemishado, imikhuleko njalo-njalo. Ngifisa ukuphinde nginxuse umphakathi waseZigagayi naseMehlama ukuba ubike ngazo zonke izenzo zobugebengu ezifaka nokucekela phansi kwempahla emaphoyiseni,” kusho uMeya.

Esephetha uMeya ubonge umphakathi waku-ward 6, ngokusebenza ngokubambisana noSonkontilaki ekwakhiweni kwehholo. “Akaze sizwe kuthiwa kukhona izinto ezingahambi kahle njengoba bonke abasebenzi bendawo bebhokhelwa ngesikhathi, futhi akaze sizwe ngezikhazazo zokuthi uSonkontilaki usentshontshelwe izinsiza-kusebenza,” usho kanje.

UMasipala waseMthonjaneni uzibophezele ekuthuthukisweni kwengqalasizinda okuzoholela ekutheni kube khona izindawo eziphephile zokuhlalanga amalungu omphakathi wakithi.



UMeya SBK Biyela, iKhansela loku-ward 6, uKhansela MS Zulu, iPhini leMeya uKhansela PE Ntombela, uSomlomo uKhansela NA Mbatha, uMqondisi eMnyangweni obhekelele izindaba zomphakathi uNkk SF Mchunu ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni ihholo lomphakathi iMehlama Community hall.

INJABULO ABAHLALI BASEMTHONJANENI BETHOLA UKHISIMUZI

UMasipala waseMthonjaneni uholwa nguMeya uKhansela Sbhonginkosi Biyela, unikezele ngamaphasela okudla kukaKhisimuzi emindenini entulayo ebivela kuwona onke ama-ward akulendawo, njenge ngxenywe yohlelo lukaMasipala lokubuyisela emphakathini ngoLwesithathu mhlaka 11 kuZibandlela ka-2019.

Ibalelwa ku-15 imindenini ehlomule ngamaphasela okudla ngaphansi kwalo luhlelo. Ephawula uMeya Biyela uthe kube noshintsho oluncane kuKhisimuzi wabahlali walonyaka uma uqhathanisa noweminyaka edlule. “Sibone ukuthi ukuze sikwazi ukusiza amalungu emindenini yakithi ehlwempu asinikezele ngamaphasela okudla azokwenza umehluko ezimpilweni zawo ngoKhisimuzi, nabazokwazi ukuthi bekudle bebonke njengemindenini ngalena kwezinkinga.” Usho kanje.

Eqhuba uncome amalungu ama-Ward Committee kanye nawama-War-rooms ngokuhlonza imindenini efanekile ukungena ngaphansi kwaloluhlelo.

“Sizizwa sijabule kakhulu njengayo yonke eminye imindenini enemali, futhi siyakholwa ukuthi sizoba noKhisimuzi omuhle” kusho elinye ilungu lomphakathi elihlomule kulolu hlelo uNksz Beauty Ngema wasendaweni yaseQandolo Village.

Eqhuba uNksz Ngema uthe usuka emndenini onamalungu angu-10, nalapho kungekho noyedwa khona osebenzayo. “Emndenini engiphuma kuwona akekho osebenzayo futhi akekho ohola imali yesibonelelo sikaHulumeni” usho kanje. Uphinde waveza ukuthi inselelelo enkulu ebebenayo ukuthi bebengazi ukuthi bazokwenzenjani njengoba izingane ezincane zingaqondi ukuthi abanayo imali yokuthenga ukudla okumnandi. “UMasipala usitakulile kulolusizi” usho kanje.

Phakathi kwezinto ezikhona kulamaphasela okudla kubalwa amakhukhe, amafutha okuthosa, ujusi, impuphu, ilayisi, ufulawa, inyama yenkukhu, kanye nobhontshisi.



UMeya uKhansela SBK Biyela nethimba lakhe ngesikhathi kunikezelwa ngamaphasela okudla emindenini engathathi ndawo yakwa-ward 2.



UMeya SBK Biyela kanye neKhansela loku-ward 5 uKhansela ZA Sibiyi noMnuza Zakes Ndlovu ngesikhathi kunikezelwa ngamaphasela okudla kumalunga omphakathi waku-ward 5.



UMeya uKhansela SBK Biyela ekanye namalunga omphakathi akuward 13 ahlomule amaphasela akhisimuzi okudla kanye neKhansela lendawo uTE Mpungose.

UMTHONJANENI USINGATHE UMKHANKASO WENYUS'I-VOLUME KA-2019

UMasipala waseMthonjaneni uholwa nguMeya uKhansela SBK Biyela ngokubambisana nomsakazo uKhozi fm, bajabulise abantu baseMthonjaneni ngokusingatha umkhankaso weNyus' i-Volume, obese wenziwa okwesibili kulendawo ngenhloso yokujabulisa izakhamizi ngaphambi kwamaholide kaKhisimu e-Melmoth Indoor Sports Centre, kusukela mhlaka 12 kuya kumhlaka 15 kuZibandlela ka-2019.

Osukwini lokuqala lwalomkhankaso ngoLwesine lwangomhlaka 12 kuZibandlela kuqale kwaba nenkonzo yomkhuleko womama eyabe iholwa nguMama uDudu Khoza woKhozi fm, ngosuku olulandelayo kwaba nombuthwano wokuzivocavoca kubasebenzi boMkhandlu, amaKhansela kanye nezinye izinhlobo ezisebenzisana noMasipala, nokwalandelwa ngohambo lwamakhihlomitha amahlanu lokuqwashisa ngokuhlunyezwa kwabantu besifazane nezingane. Akugcinanga lapho njengoba ngoMgqibelo kwaba nendumezulu yedili lomculo owawubanjelwe enkundleni yebhola lombhoxo edolobheni lase-Melmoth, kwase kuvalwa ngemvuselelo eyaba ngeSonto iholwa ngumsakazi woKhozi fm, uMnuz Sbu

Buthelezi. Ethula inkulumbo uMeya Biyela uthe ukusingatha kwabo lomkhankaso kuyithuba eliyinqayizivele kubona lokuba bazise izizwe sonke saseNingizimu Afrika, ngemisebenzi eyenziwa nguMasipala wakhe, baphinde bathole nethuba lokuheha izivakashi kanye noSomabizininisi abenesifiso sokutshala imali eMthonjaneni.

“Ngidlulisa ukuthokoza okukhulu kubaphathi bomsakazo uKhozi fm ngokuphinde basigixabeze ngethuba lokusingatha lomkhankaso wabo omkhulukazi weNyus' i-Volume, ngizwile nje ukuthi umcimbi walolu hlobo uzoba lapha eMthonjaneni kuphela okuyizindaba ezimtoti kithina nabahlali baseMthonjaneni. Ukunikezwa lelithuba thina sodwa kukhomba ukuthi nabaphathi boKhozi basethembile” usho kanje. Esevala lomkhankaso uMeya Biyela uphinde wedlulisa amazwi okubonga kwaboKhozi fm, abaHoli bezepolitiki, amaKhansela, kanye namalungu omphakathi ngokukwenza lomkhankaso ube yimpumelelo.



UMeya uKhansela SBK Biyela neBamba leMenenja yoKhozi fm uNksz Sbonzi Ngcobo ngesikhathi besika ikhekhe lokuvulwa ngokusemthethweni komkhankaso weNyus' i-Volume.



UMeya SBK Biyela waseMthonjaneni, uMongameli weqembu le-IFP, uMnuz Velenkosini Hlabisa, iPhini lakhe iNkosi Mzamo Buthelezi, uSomlomo uKhansela NA Mbatha, iPhini leMeya uKhansela PE Ntombela behola izinkumbi zabantu ohambweni lwamakhihlomitha ayisihlanu kuqwashiswa ngokuhlukunyezwa nokubulawa kwabesifazane nezingane.



UbuHoli bukaMasipala kanye nabaHoli bezenkolo ngesikhathi kuqhubeka inkonzo yokuvula umkhankaso ngoLwesine mhlaka 12 kuZibandlela ka-2019.



UMongameli weqembu le-IFP, uMnuz Velenkosini Hlabisa ngesikhathi ebingelela ubuHoli baseMthonjaneni.




Ingxenywe yezinkumbi zamalungu omphakathi waseMthonjaneni ayethamele idili lomculo ngoMgqibelo eMthonjaneni.



Iqembu lomculo wokholo abaNqobi elangena esiteji kwachwaza inkundla ngesikhathi kunomkhankaso weNyus' i-Volume eMthonjaneni.



Isilomo somculo kaMaskanda uKhuzani Mpungose okunguyena owavala inkundla ezintatha zangeSonto.



UMculi kaMaskanda ofike kwezakala kulendima uNtencane ejabulisa abahlali baseMthonjaneni emkhankasweni weNyus' i-Volume, eMthonjaneni.



UDkt Zuma umculi kaMaskanda wendawo eqhulula elinye lamanoni akhe kwezomculo.

(COVID-19)

CORONAVIRUS

LESI YISIFO ESISHA ESITHOLAKALAEMAPHASHINI KANYE NASEMIGUDWINI YOKUPHEFUMULA. SIDALWA IGCIWANE ELIBIZWA NGECORONAVIRUS.

IZIMPAWU ZE-CORONAVIRUS.

- Ukukhwehlela.
- Imfiva.
- Nokuphelelwa ngumoya.

Kodwa lezimpawu azisho ukuthi uyagula. Izimpawu ziyefana nezinye izifo eziwayelekile njengomkhuhlane ne-flu.

YINI OKUMELE UYENZE UKUNCIPHISA AMATHUBA OKUBA NE-COVID 19?

- Washa izandla zakho zikhathi zonke ngensipho namanzi.
- Uma engekho amanzi nensipho sebenzisa okokufutha izandla okune-Alcohol (Hand Sanitiser).
- Gwema ukuthinta amehlo, ikhala, kanye nomlomo.
- Zimboze nge-tissue uma ukhwehlela noma uthimula, bese ulahla i-tissue emgqonyeni.
- Ungahlangani nabantu asebethелеlekile.
- Zama ukuziqhelelanisa.

IZINDLELA ZOKUZIQHELELANISA

- Ukuziqhelelanisa ngenxa ye-Covid 19 kubalulekile kulabo bantu ekade, noma abakade behambela izindawo ezinabantu abaningi abathelekile ukuze unqande ukwanda kwalesi sifo.
- Ungayi emsebenzini, esikoleni, nasezindaweni zomphakathi. Gwema ukusebenzisa izimoto zomphakathi noma amatekisi.
- Zihlukanise nabanye abantu nezilwane ekhaya. Uma ungakwazi sebenzisa enye indlu yokugeza.
- Ama-Face Maks kumele zisetshenziswe ukunqanda ukubhebhethaka kwalesi sifo kwabanye. Khwehlelela, noma uthimulele endololwaneni. Vala umlomo nekhala nge-tissue uma ukhwehlela noma uthimula.
- Hlanza izandla zakho njalo ngensipho namanzi imizuzwana engu-20 noma ngokukufutha (Hand Sanitiser) okune-Alcohol engama phesenti angu-60-95%.
- Gwema ukuthinta umlomo, amehlo nekhala ngezandla ezingawashiwe.
- Hlanza izindawo ezifana nama-counter, laptops, izibambo zezicabha, izinto zasendlini yokugeza, indlu encane, amafoni, keyboards, tablets, kanye namatafula aseduze kombhede zinsuku zonke.



Washa izandla njalo



Gwema ukusebenzisa izitsha nabanye abantu



Gwema ukuthintana nabantu abagulayo

Nansi inamba yazikhathi zonke ephuthumayo yokubika nge-Corona Virus: 0800 029 999.

EyesiFunda sakwaZulu-Natali : 033 395 3367.

Eka-Whatsapp yosizo oluphuthumayo yona ithi: 0600 123 456.

Lolu lwazi neminingwane ikhishwe uMnyango wezeMpilo kaZwelonke.



IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

Switchboard
Electricity Department
Water Department
Refuse & Waste

035 450 2082
035 450 2082 Ext.245
035 450 2082 Ext.244
035 450 2082

Roads
Traffic Department

035 450 2082
035 450 2082 Ext.234, 235, 238

Ambulance
Hospital

10177
035 450 8200

Fire Department
Police Department
Emergency Department

035 450 2082 Ext.316
10111
035 450 7691

Call Centre After Hours

035 450 7691 Ext.308

www.mthonjaneni.gov.za



21 Reinhold Street, Melmoth, 3835

Postal address: PO Box 11,
Melmoth, Kwa-Zulu Natal, 3835